**NguMongameli
uThomas S. Monson**



# Sebenzela iNkosi Ngothando

INkosi uJesu Kristu Yafundisa, "Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha lowo olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakusindiswa." (Luka 9:24).

"Ngikholwa," kwasho uMongameli Thomas S. Monson, "uMsindisi usitshela ukuthi ngaphandle kokuba sizilahle emsebenzini wokusiza abanye, incane injongo ezimpilweni zethu. Labo abaziphilela bona kuphela bagcina beshwabana futhi belahlekelwa yizimpilo zabo, ngenkathi labo abazilahlayo emusebenzini wokusiza abanye bekhula futhi beqhakaza futhi besindisa izimpilo zabo."[1]

Emcaphunweni olandelayo ovela entshumayelweni kaMongameli Monson, ukhumbuza Amakholwa Ezinsukwini Zokugcina ukuba ayizandla zikaNkulunkulu nokuthi izibusiso zaphakade zilindele labo abasebenzela abanye ngokukholwa.

## Ukusebenza eThempelini

"Umsebenzi omkhulu unikezwa uma senza izimiso ezikhaleni zalabo asebedlulele ngaphesheya kweveyili. Ezikhathini eziningi asibazi labo esibenzela imisebenzi. Asilindeli ukubongwa, futhi asinaso isiqiniseko sokuthi bazukwamukela lokho esibanikeza khona. Kepha, siyasebenza, futhi endleleni sithola lokho okungezi ngokunye ukwenza, siba abasindisi eNtabeni Siyoni. Njengoba uMsindisi wethu wanikela ngempilo Yakhe esikhaleni sethu njengomnikelo wethu, nathi, ngendlela encane, senza okufanayo uma senza umsebenzi eThempelini wokuma esikhaleni salabo abanganakho ukuqhubekela phambili.[2]

## Yithi Izandla zikaNkulunkulu

"Bafowethu kanye nodade bami, sizungeziwe yilabo abadinga ukunakekelwa kwethu, ukugqugquzelwa kwethu, ukusekelwa kwethu, ukududuzwa kwethu, umusa wethu—bangaba amalunga omndeni, abangani, abahlobo, noma abafokozi. Yithi izandla zikaNkulunkulu lapha emhlabeni, esinethuba lokumsebenzela nokuphakamisa abantwana Bakhe. Yena uthembele kithina sonke. . . .

"Lowo msebenzi esibizelwe kuwona sonke umsebenzi weNkosi uJesu Kristu"[3]

## Ukusebenza esithunzini soMsindisi

Emhlabeni Omusha, iNkosi eyavuka ekufeni yamemezela ukuthi, 'Niyazazi izinto lezo okufanele nizenze ebandleni lami; ngokuba imisebenzi leyo enibone ngiyenza nani ngokunjalo niyakuyenza; ngokuba lokho eningibone ngikwenza ngisho nalokho nani niyakukwenza.' [3 Nifayi 27:21].

‘Sibusisa abanye ngenkathi sisebenza ethunzini lika-Jesu waseNazaretha . . . owahamba wenza konke okulungileyo.’ [Izenzo 10:38]. Nkulunkulu sibusise ukuba sithole injabulo ngokusebenzela uBaba waseZulwini njengoba sisebenzela abantwana Bakhe emhlabeni.”[4]

**Isidingo Sokusebenza**

“Kumele sinikezwe ithuba lokusebenza. Kulawomalunga asesukile ekukhonzeni noma azibambayo ahlale angazinikeli, singakhulekela indlela yokufinyelela kubo. Ukubacela ukuba basebenze ngendlela thize kungase kube umgqugquzelo abawudingayo ukuba babuyele ngobuningi enkonzweni. Kodwa laba baholi abangasiza mayelana nalokhu babuye bezibambe ekwenzeni lokhu. Kumele sikubeke emqondweni ukuthi abantu bayakwazi ukuguquka. Bayakwazi ukushiya ngemuva imikhuba emibi. Bayakwazi ukuguquka ekuziphatheni kabi. Bayakwazi ukuthwala ubupristi ngokufanele. Futhi bayakwazi ukusebenzela iNkosi ngokuzinikela.”[5]

**Ngabe Siyakwenza Konke Esimele Sikwenze?**

“Umhlaba udinga usizo lwethu. Ngabe siyakwenza konke esimele sikwenze? Siyawakhumbula na amazwi kaMongameli John Taylor: ‘Uma ungakhulisi ubizo lwakho, uNkulunkulu uzakubeka icala ngokungabasindisi labo okumele ngabe ubasindisile uma ngabe uwenzile umsebenzi wakho’? [*Izimfundiso ZaboMongameli beBandla: uJohn Taylor* (2001), 164]. Kukhona izinyawo ezinokumiswa, izandla ezinokubanjwa, imiqondo enokugqugquzelwa, izinhliziyo ezinokufunzelelewa, nemiphefumulo enokusindiswa. Izibusiso zangaphakade zikulindele. Okwakho yithuba lokungabi umbukeli kepha umhlanganyeli egumbini . . . lokusebenza.”[6]

**AMANOTHI**

1. “Yini Engiyenzele Omunye Umuntu Namuhla?” *Liahona,* Nov. 2009, 85.
2. “Siphinde Sihlangane Ngokuzayo,” *Liahona,* uMeyi 2009, 113. –14.
3. “Yini Engiyenzele Omunye Umuntu Namuhla?” 86, 87.
4. “The Savior’s Call to Serve,” *Liahona,* Aug. 2012, 5.
5. “See Others as They May Become,”*Liahona,* Nov. 2012, 68.
6. “Willing and Worthy to Serve,” *Liahona,* uMeyi 2012, 69.
7. *Teaching, No Greater Call: A Resource Guide for Gospel Teaching* (1999), 12

**UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO**

“Uma unothando olufana nolukaKristu, uzolungiselela kangcono ukuba ufundise ivangeli. Uzoba nogqozi lokusiza abanye ukuba bazi uMsindisi futhi balandele Yena” [7] Cabanga ukuthandazela ukuba ukhulise uthando ngalabo obavakashelayo. Njengoba ukhulisa uthando lobuKristu kubo, uzokwazi kangcono ukusebenza ngezindlela ezinomqondo kubo bobabili uNkulunkulu nalabo obafundisayo.

## INTSHA

### Ihlobo Lomsebenzi

**Ngu-Elizabeth Blight**

Ngehlobo elilodwa ngachitha isikhathi ezweni elihlukile ngisebenza nezingane ezinezidingo ezikhethekile. Ngesikhathi ngiqala ukuhlangana nezingane, nganginovalo olumangalisayo. Ngangingalikhulumi ulimi lwabo, kodwa ngangethemba ukuthi uMoya wawuzongiluleka ekuxhumaneni kwami. Ngesikhathi ngizwana nengane ngayinye, ngabona ukuthi ulimi aluvimbi uthando. Ngadlala, ngahleka, ngenza nomsebenzi wezandla nezingane, ngangakwazi ukuzibamba ukuzwa uthando oluphelele ngabo. Ngabona kancane uthando uBaba waseZulwini analo ngabantwana Bakhe, futhi ukujabula okwagcwala inhliziyo yami kwadlula incazelo.

Noma inini uma ngisiza abanye, ngizwa uthando hhayi lalabo engibasizayo kuphela kepha nangoBaba waseZulwini. Nangempela sengifike ekwazini ukuthi “uma usebenzela abantu bakini usebenzela kuphela uNkulunkulu wakho” (uMozaya 2:17). Inhloso yokusebenza kwami, nakuba kusemsebenzini omkhulu noma ngezenzo ezincane zomusa, kube ukuthi ngidumise uNkulunkulu. (bona uMatewu 5:16). Ngiyethemba ukuthi ngesikhathi ngisiza abanye, abantu bazobona uthando lwami lukaBaba waseZulwini nokuKhanya kukaKristu okuvutha ngaphakathi kwami.

*Umbhali uhlala eVirginia, USA.*

## IZINGANE

### Izinhlanganiso Zothando

Thola umuntu omdala akusize usike izingcezu ezincane ezingamaphepha angu-28, ngazinye zibe yi-inch eyodwa (2.5 cm) ngobukhulu nama-intshi angu-8 (20 cm) ubude. Ngosuku ngalinye kule nyanga, yenza umsebenzi wokutshengisa uthando lwakho komunye

umuntu. Kungenzeka usize abazali bakho bahlanze ikhaya lakho noma ubhalele umakhelwane incwadi yomusa.

Bhala phansi indlela osebenze ngayo ngosuku ngalinye ocezwini lephepha elilodwa, bese uhlanganisa noma unamathisele lapho iphepha ligcina khona ukuze wenze undingiliza. Ungabahlanganisa ondingiliza ngokushutheka ingxenye eyodwa yephepha ngaphakathi kwandingiliza wangosuku oludlule ngaphambi kokuthi uhlanganise noma unamathisele ukuphela kocezu olusha. Uzibheke izinhlanganiso zakho zothando zikhula! Ungaze uqhubeke wenezelele kwiketango lomsebenzi wakho emva kokuba uFebruwari esedlulile.

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA.
Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, February 2014*. Zulu. 10862 783

# Umsebenzi Ongcwele kaJesu Kristu: UMelusi Olungileyo

**Ukholo • Umndeni • Inkululeko**

*Ngomkhuleko funda lombhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuzwisisa impilo kanye nomsebenzi woMsindisi kuzakhulisa kanjani ukholo lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha. Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya kureliefsociety.lds.org.*

*Lena ingxenye yemilayezo elandelanayo yeMlayezo Yokufundisa Ngokuvakasha ephathelene nomsebenzi woMsindisi.*

UJesu Kristu, uMelusi Olungileyo, wafundisa:

"Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye yazo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole na? . . .

"Ngithi kini . . . kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni esisodwa esiphendukayo" (Luka 15:4, 7).

Ngesikhathi siza ekuqondeni ukuthi uJesu Krsitu unguMelusi Olungileyo, siyakhula isifiso sethu sokuba silandele isibonelo Sakhe futhi sisebenzele labo abaswelayo. Ujesu wathi: "Mina ngingumalusi olungileyo; ngiyazazi izimvu zami, nezami ziyangazi. . . . Futhi ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu" (uJohane 10:14–15). Ngenxa yokuhlawulelwa kukaKristu, asisoze saduka kangangokuba angeke sisayithola indlela eya ekhaya. (bona uLuka 15).

UMongameli Thomas S. Monson wathi, "Owethu umsebenzi ukunakekele umhlambi. . . . Masisikume ngamunye sisebenze" [1]

### Kuvela Embhalweni Ongcwele

AmaHubo 23; Isaya 40:11
uMozaya 26:21

### Kuvela Emlandweni Wethu

U-Elizabeth Ann Whitney, owahambela umhlangano wokuqala weNhlangano Yabesimame Yenkululeko, wathi ngokuphenduka kwakhe ngo-1830: "Masinyane mangizwa iVangeli ngesikhathi amaGosa elishumayela, ngavele ngazi ukuthi liyizwi loMelusi Olungileyo."[2] U-Elizabeth walilandela izwi loMelusi Olungileyo wabhabhadiswa futhi waqiniswa.

Nathi ngokunjalo singalizwa izwi loMelusi Olungileyo futhi sabelane izimfundiso Zakhe nabanye. UMongameli Monson wathi, "Siyizandla zeNkosi lapha emhlabeni, sinethuba lokumsebenzela nokuphakamisa abantwana Bakhe."[3]

Njengoba umelusi efuna izimvu ezilahlekile, abazali kungenzeka bafune ingane esidukile. UMongameli James E. Faust (1920–2007), Ikhansela Lesibili kubuMongameli Bokuqala, wathi: "Kulabo bazali abaphuke izinhliziyo abakade bezilungele, bezinikela, futhi bekhuleka ekufundiseni izingane zabo ezingalaleli, sithi kunina, uMelusi Olungileyo ubabhekile. UNkulunkulu uyazi futhi Uyaqonda usizi lwenu olujulile. Likhona ithemba."[4]

**AMANOTHI**

1. uThomas S. Monson, "Heavenly Homes, Forever Families," *Liahona,* June 2006, 70
2. U-Elizabeth Ann Whitney, ku *Daughters in My Kingdom: The History and Work of Relief Society* (2011), 128.
3. uThomas S. Monson, "Ngimenzeleni Omunye Umuntu Namuhla?" *Liahona,* Nov. 2009, 86.
4. uJames E. Faust, "Dear Are the Sheep That Have Wandered,"*Liahona,* May 2003, 68.

### Ngingenzenjani?

**1.** Ukwazi ukuthi uMsindisi unguMelusi Olungileyo kukuletha kanjani ukuthula ezimpilweni zethu?

**2.** Yingaziphi izindlela esingafundisa ngazo kulaba "abalahlekile" emsebenzini wesonto noma labo abangabona abekholo lethu?

**3.** Ngingabasekela kanjani abazali abanezingane eseziphambukile ekuphileni ivangeli?

© 2014 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/13. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/13.
Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, February 2014*. Zulu. 10862 783